


IMIYALO YOKWENZA IMASKI YOBUSO (iphethini ifakiwe)

IPHETHINI YEMASKI YOBUSO



INDWANGU

Inhloso yemaski ukuvikela ukusabalala kwamathonsana anegciwane lekhorona. Ingaphandle lendwangu, libewukotini uqobo (libe yindwangu yesikibha, ishidi eliyindwangu noma ithawula letiye) liwukuqoka okuwungqo. Ilineni noma ukhuni kungasebenzisana kodwa kunomthelela omncane. Uma kuhlawumbiselwa, indwangu engenisa ukukhanya uma

iphakanyiswa ngokujwayelekile idedela amathonsana ambalwa ukuba adlule uma iqhathaniswa nendwangu evumela ukukhanya okukhulu ukuba kudlule.

Ingaphakathi noma ilayiningi yendwangu idinga ukuba uzizwe unethezekile uma isesikhunjeni. Ukotini, ukotini oyipholiyesta noma ilineni eyirayoni zingezinye

zezindwangu okungaqokwa kuzo.

Sebenzisa cishe angama-150 mm ukuya kwangama-180 mm ubude belastiki eflethi okungaba phakathi kwama-4 mm nayi-6 mm ububanzi ukuze ubambe imaski uyibeke kahle phezu kwezindlebe. Amalastiki ayindilinga noma awokubopha izinwele asikiwe, nawo angasebenza.

IMIYALO YOKUTHUNGA

ISINYATHELO SOKU-1: SIKA INDWANGU

Phrinta iphethini bese uyisika isilinganiso osidingayo. Qinisekisa ukuthi uphrinta njengokwesikalo (sebenzisa ubude obukhonjisiwe bengxenywe ezolingana ngaphansi kwesilevu).

Goqa kabili indwangu ezosetshenziselwa ingaphandle lemaski bese uyihlanganisa nephethini ngomakhanjana. Sika indwangu njengokwephethini, kodwa

wongeze ayi-6 mm esikhala sokuyithungela ikhala, isilevu nezinhlangothi zezihlathi, kanye nangama-25 mm ongeziwe emaceleni okuzobekwa phambi kwendlebe. Manje usunezinhlangothi ezimbili zengaphandle lemaski.

Goqa indwangu kabili bese uyihlanganise nephethini ngomakhanjana. Sika indwangu ulandele iphethini kodwa futhi ushiye isikhala esiyi-6 mm

kuzo zonke izinhlangothi zokuyithunga. Usunezingxenywe ezimbili eziyilayiningi yemaski.



ISINYATHELO SESI-2: THUNGA ISIMU EMAPHAKATHI

Beka izindwangu zangaphandle ngohlangothi lwangaphandle ndawonye bese uthunga uhlanganisa isimu ephakathi nendawo ezobekwa phezu kwekhala. Yenze njalo nangelayiningi.



ISINYATHELO SESI-3: CINDEZELA ISIMU EPHAKATHI NENDAWO

Cindezela ingxenywe esele yesimu phakathi nendawo uyivule ize ibe yisicaba (kuyasiza ukuyisika kancane emaceleni uyijikeleza).

Njengoba lena kuyisimu egobile, ingeze yahlala iyisicaba. Ungayi-ayina kolunye uhlangothi, nanakolunye uhlangothi.



ISINYATHELO SESI-4: THUNGA INGAPHANDLE NENGAPHAKATHI LENDWANGU NDAWONYE

Vula izingxenye zendwangu. Beka ingaphandle lendwangu libheke phezulu. Beka ilayingi ngengaphandle layo libheke phansi phezu kwengaphandle lendwangu ukuze okuphakathi nendawo kwamasimu kulingane nomumo wayo.

Goqa izinhlangothi ezibhekene zelayiningi

zibe cishe ngama-4 mm uzisondelanise nengaphathi lesimu bese ucinezela kube yisicaba.

Hlanganisa ngomakhanjana izingxenye zesilevu bese uzithunga.

Bhekisa imaski phansi ukuze ingaphandle layo libe ngaphandle. Cinezela nge-ayina

amasimu ukuze abe yisicaba. Ingxenye esekugcineni yesihlathi neyesilevu ungakuthunga ngalapho ukuze kubukeke.



ISINYATHELO SESI-5: FAKA ILASTIKI

Beka ingaphandle lemaski libheke phansi.

Beka ilastiki ecishe ibe ayi-10 mm kusukela ekugcineni kohlangothi lwendlebe kungaphandle lwendwangu yohlangothi lwemaski.

Goqa kube ama-3 mm uhlangothi lwendlebe kule ngengxenye yengaphandle lendwangu phezulu nangaphezu kwelastiki ukuze ingxenye esekugcineni yokugaqiwe kusukela ekugcineni kwayo kube cishe ama-5 mm kusukela ekugcineni kwayo kohlangothi lwendlebe okungokwelayiningi bese uhlanganisa ngomakhanjana kukuleso simo.

Thunga lolu hlangothi nelastiki engaphakathi. Phinda uthunge kabili ingxenye esekugcineni yale simu ukuze kungasheshi ukudlubhuka uma ilastiki isidonswa. Kuzoba sapayipi lapho ilastiki izotshutshwa khona.

Qinisekisa ukuthi awuthungi ilayingi kanye nengaphandle ndawonye, ngoba le mbobo izosetshenziselwa uhlangothi olwengeziwe lokuvikela.

Thungisisa izinhlangothi zombili zasekugcineni zelastiki zihlangane. Qhelelanisa indawo ethungiwe yesimu uma uthanda.

Phinda olunye uhlangothi.

Uma usebenzisa amalastiki okubopha izinwele, kumele uthunge zombili izinhlangothi zasekugcineni zayo enye ibe phezu kwenye nesimu egoqiwe emakhoneni omabili, noma ngaphansi nje kwelayiningi emakhoneni (isizathu salokhu ukuthi ilastiki yezinwele izoba yimfishane kakhulu ukuyisebenzisa njengoba injalo).



ISINYATHELO SESI-6: SEBENZISA IMASKI YAKHO

Faka imaski yakho nengaphandle lwendwangu libe ngaphandle bese ilastiki ihamba phezu kwezindlebe zakho.


Imaski kumele ibekwe ngaphansi kwamehlo imboze kahle ubuso

nezihlathi bese imboza nesilevu.

Isiqeshana sephepha singasetshenziswa phakathi kwelayiningi nendwangu engaphandle ukuze uvikeleke ngokwengeziwe.

Susa imaski ngokukhipha ilastiki ezindlebeni. Ungalokothi uthinte ingaphambili lemaski.

Susa ithawula lephepha bese ulilahla. Washa imaski ngensipho namanzi bese uyineka elangeni ukuze yome. Gezisa izandla zakho emva kwalokho.



Qinisekisa ukuthi uphrinta iphethini njengokwesikalo. Ubude bemaski balapho kuphelela khona isilevu obuyisayizi yendoda kumele bube yi-105 mm.

Amazwi okubonga: <http://www.craftpassion.com> iphethini kanye <https://freesewing.org/docs/patterns/fu/instructions/> nawemiyalo.